



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKUKHUMBULA UMPHOSTOLI ONGASEKHO
EMHLABENI WEBANDLA I-TWELVE APOSTLE CHURCH CHRIST
UMNUZ SD PHAKATHI – EMGABABA MHLAKA 07 May 2010.**

Ngibanibingelela Nonke

Ngizizwa ngijabule futhi ngihloniphekile ngokuba yingxenye yalo mcimbi obalulekile wokubungaza impilo yendoda ebinombono wokwakha umphakathi hhayi ukuze ulungiselele impilo yangale kwethuna kuphela, kodwa noqinisekisa inhlalakahle yabantu ngenkathi besesemhlabeni.

Ibandla le-Twelve Apostle Church in Christ libusisekile ngokuthi like laba nomholi onjengoMphostoli oMkhulu noMengameli uSD Phakathi, makaphumule ngobuhle. Ngiyakholwa ukuthi ukube ubesaphila namhlanje, ubezodlala indima enkulu ekutheni sibuyisane nesikhathi esedlule njengesizwe, asilekelele ekwakheni isifundazwe kanye nezwe lethu. Besizosebenzisana ekususeni konke okuyimithelala yezinhlelo zengcindezelo kubantu bakithi abaningi.

Izwe lethu lidinga lolu hlobo lwabantu. Yingakho namanje kubalulekile ukuthi sikhulekele ukuthi amandla nobuhlakani bakhe bungene nakubo bonke abantu bakithi ukuze babe ngumphakathi nonakekelayo. Uhulumeni wethu ukholelwa ukuthi amabandla ezenkolo aneqhaza elikhulu ekuqondiseni izimilo nokuziphatha komphakathi. Ngakho-ke, siyabonga ngegalelo lenu.

Akuyona inhloso yami ukukhuluma ngepolitiki yangaphakathi kuleli Bandla, kodwa ngizwile ukuthi usugcine ufike esiphethweni umbango obukhona lapha noze wangena ezinkantolo ezahlukene zakulelizwe. Asikugqugquzeli ukugqubuzana kunoma iziphi izikhungo, kodwa siyazi ukuthi kuyimvelo ukuthi abantu bayahluka ngemibono kwezinye izinto. Bekuzoba iphutha elikhulu ukuba ibandla lixazulule izinkinga zalo ngokusebenzisa udlame.

Ibandla kumele lidingide izinkinga zalo ngobuqotho ngoba uma ningenzi njalo, niyobe nakhela lesikhungo senu esibaluleke kangaka igama elibi. Kumele kube ngumsebenzi wabaholi namalunga jikelele aleli bandla ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu oyilungu lebandla ukhululekile ukuveza imibono nemicabango yakhe kodwa ebe ehlonipha izinkolelo nomthetho-sisekelo weBandla kanjalo nomthetho wezwe.

Egameni likahulumeni waKwaZulu-Natal, ngifuna ukugcizelela ukubaluleka kwebandla ekubeni yingxenye yokuqinisekisa ukuthi i-ajenda kahulumeni iyafezeka – ukubeka phambili imfundo, ezempilo, ukuqedwa kobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, ukulwa nobugebengu nokwakha imisebenzi engcono. Umnotho osemabandleni ezenkolo kumele ubonakale wenza umehluko ezimpilweni zabantu.

NjengoNgqongqoshe wezokuThutha, ngikhathazeke kakhulu ngalokho esikubona emigaqweni yethu. Sibhekene nenselelo enkulu lapha yabantu abashayela budedengu nabanesandla esikhulu ekwandeni kobuphofu kulelizwe. Izingozi zemigwaqo zisiphuca osomabhizinisi kanye nabasebenzi abenza ngcono umnotho wethu. Zisiphuca izifundiswa zakithi ezisuke zisanda kuthola iziqu nemisebenzi emihle kumbe abantu abasanda kushada noma abanezingane ezisencane.

Enye into ebuhlungu ngezingozi zomgwaqo ngukuthi akufani nomuntu ogulayo lapho umindeni uthola ithuba lokuzilungiselela nokuvalelisa kothandiweyo wawo. Engozini yomgwaqo, umndeni ubona umuntu ehamba ekuseni ngethemba lokuthi uzombona ntambama uma esebuya kodwa lokho kungabe kusenzeka.

Into eyenzeka ngoMsombuluko mhaka 26 April 2010 kuyisititimende esiqondile esicacisa okwenzeka uma abantu bengaqapheli futhi benganakekeli ngokwanele emigaqweni. Angikwazi nokucabanga ubuhlungu obubhekene nezihlobo zalabantu abangu 15 abasha bangqongqa engozini eyayiphakathi kwetekisi neloli ngaseMzinto. Lemindeni isalinde imiphumela yeDNA ukuze bakwazi ukuhlonza izihlobo zabo. Ngaphambi kokuthi bathole lemiphumela, bazolokhu behleli ebumnyameni.

Ngakho-ke, sengiphetha ngithanda ukugcizelela lapha ukuthi ngempela ukuphepha emigaqweni kungumsebenzi wawo wonke umuntu nokuthi yinto esiyinselelo nangokukamoya manje. Nginxusa wonke amalungu aleli bandla ukuthi aqinisekise ukuthi ezokuphepha emgwaqeni zifakwa nasezinhlelweni zikamoya. Sonke masibe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni.

Kodwa futhi ngiyaxusa ukuba silekelele uhulumeni ekwakheni umbimbi lokulwa nobugebengu esithi i-United Front Against Crime. Masingavumeli ukuba yizisulu noma abagqugquzeli bobugebengu ngokuthi sihlale singenzi lutho.

Okokugcina, njengoba ninemibungazo ehlelelwe yonke le mpelasonto, nginxusa ukuba nishayele ngokuphepha uma nisuka kwenye indawo yombungazo niya kwenye. Ekugcineni nihambe ngokuphepha senibuyela emakhaya.

Ngiyabonga